

IJERUSALEMA ELISHA

Amabandla Emhlabeni Wonke

UMfundisi Tony Alamo

Isizwe SamaKristu Sakwa-Alamo

IVolumu 09900



UTony Alamo, isekela elikhulu likamengameli weCanadian Healthways, Ltd., eToronto, Canada—1955

# ABANGCWELE

ngu Tony Alamo

“Kuyakuthi ngezinsuku ezizayo [okuyisikhathi samanje, namuhlanje], intaba yendlu kaJEHOVA iqiniswe esiqongweni sezintaba [Ebhayibhelini, intaba ichaza isizwe, kwesinye isikhathi ichaza izinkanga. Amagquma kwesinye isikhathi achaza amadolobha.], iphakame kunamagquma [amadolobha omhlaba]; nezizwe zonke ziyakugobhozela khona. Abantu abaningi bayakuhamba, bathi: “Wozani sikhuphukele entabeni kaJEHOVA endlini kaNKULUNKULU kaJakobe; YENA uyakusifundisa izindlela ZAKHE, sihambe emikhondweni YAKHE,” ngokuba umthetho uyakuvela eSiyoni, neZWI likaJEHOVA eJerusalema” (Isaya 2:2-3). Lendima yeZWI likaNKULUNKULU isho ngokucacile ukuthi ngezinsuku zokugcina (manje) Umthetho kaNKULUNKULU usasebenza.

Isahluko sesikhombisa sencwadi yesiprofetho sikaDanilyeli sisitshela ngemibuso emine yasemhlabeni. Yonke yomine isibonakele. Emithathu

yayo isidlulile, kanti owesine siphila kuwona manje. Lona, nawo, usuzodlula, ngoba iRoma (okungumbuso wesine wezomhlaba o-secular futhi wokugcina) unikeziwe amandla kanye nesihlalo ngudrako omkhulu obomvu, futhi obizwa ngoSathane noma udeveli.<sup>1</sup> Isikhathi sikaSathane sifishane, futhi naye uyakwazi lokho! (IsAmbulo 12:3, 9, 12b). Yena, umphathi walombuso wesine wezomhlaba, uyakhuluma “amazwi amakhulu amelene noPHEZUKONKE, futhi [uhlupha] ekhathaza abangcwele boPHEZUKONKE” (UDaniyeli 7:25). Lokhu, umbuso wakhe, uzakudlula.

UDaniyeli 7:7 uthi lesisilo esinobudimoni sombuso wesine (iRoma) “sitiesabeka futhi sinamandla, futhi siqinile kakhulu,” sinamazinyo amakhulu ensimbi, sidla futhi siphula kube izicucu, sinyathela okuseleyo ngezinyawo zaso, sahlukile kuzo zonke izilo ezazingaphambi kwaso; sinezimpondo eziyishumi.

Umphostoli uPawulu usitshela ukuthi lapho amandla ethu esephelele, sinamandla NGOKUKAMOYA (2 KwabaseKorinte 12:10). Ngakho asincike, sithembele KUYE, kuphela vo, ongakhathali (2 KwabaseKorinte 12:9-10, KwabaseFilipi 4:11-13). UNKULUNKULU ufuna ukuthi sonke sibe nokuzethemba KUYE, sincike KUYE, sithembe YENA, futhi sibe nokukholwa KUYE kuphela.<sup>2</sup>

Lombuso wokugcina (iRoma), osuzophela masinyane, “uyakuhlosa ukugquka izikhathi nemithetho [njengonyaka osemthethweni wokushada, okuyisikhathi sokuthomba; ukuba nabafazi abangaphezu koyedwa, okuvunywa wumthetho kaNKULUNKULU;<sup>3</sup> ukushada kwabanobulili obufanayo, okuyisono futhi okwahlulelwe nguNKULUNKULU; ukukhipha izisu, okuyizinga elikhulu lokubulala, okuyisono futhi kwahlulelwe nguNKULUNKULU.<sup>4</sup> Ubutabani phakathi kwa-

besifazane okuyisono futhi okwahlulelwe nguNKULUNKULU kanye nobungqingili (okwahlulelwe).<sup>5</sup> Ukubulala okwenziwa egameni “lomusa” kuyisono futhi kwahlulelwe nguNKULUNKULU. Ubufebe ngaphakathi nangaphandle kwasezikoleni zikahulumeni, ezikoleni ezizimele, futhi noma ngabe ikuphi kuyisono futhi uNKULUNKULU uyakwahlulela.<sup>6</sup> Ukuzonda iBhayibheli ngokweNkosi uJames akusona isono kuphela, esahlulelwe nguNKULUNKULU, kodwa kungukuhlambalaza (okungenakuxolelwa<sup>7</sup>), kanye nokuzonda iqiniso likaNKULUNKULU, Imiyalelo Elishumi, Umthetho kaNKULUNKULU kanye nabaprofethi, iTestamente Elidala, kanye nemithetho yeTestamente Elisha, okuyiZibusiso (ama-Beatitudes) (NgokukaMathewu Isahluko 5). Lokhu kuyisono kanye nezinengiso zokungabi namthetho!]: futhi baya[siya] kunikezelwa (Kuyaqhubeka ekhasini 2)

1 IsAmb. 12:3-4, 9, 13:1-7 2 2 Sam. 22:33, 1 IziKr. 5:20, 2 IziKr. 16:7-9, AmaH. 1:1-3, 18:30, 34:22, 62:8, Nah. 1:7, Mark. 11:22-24 3 Eks. 21:10, Dut. 21:15-17, 25:5-6, AbAhl. 8:30, 12:8-9, 13-14, 2 Sam. 3:2-5, 5:13-16, 12:7-8, Isaya 4:1, Math. 5:17 4 Eks. 20:13, 21:12, Lev. 24:17, Num. 35:16-21, 30-33, Dut. 5:17, IsAmb. 22:14-15 5 Gen. 19:1-13, 24-25, Lev. 18:22, 20:13, Dut. 23:17, Rom. 1:20-32, 1 Kor. 6:9-10, 1 Thim. 1:9-10, 2 Thim. 3:1-5, Juda 7 6 1 Kor. 5:9-11, 6:9-10, 13, 18, 7:2, 10:7-8, 2 Kor. 12:21, Ef. 5:3, Kol. 3:5-6, 1 Thes. 4:3-5, Juda 7, IsAmb. 2:14, 20-22, 9:20-21 7 Math. 12:31, Mark. 3:29, Joh. 6:63

# ABANGCWELE

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 1)

esandleni [sombuso kaSathane] kuze kube yisikhathi nezikhathi kanye nengxenye yesisikhathi” (UDaniyeli 7:25).

Kodwa inkantolo kaNKULUNKULU iyakubuthwa (kubanjwe umhlangano) kuhlalwe phansi, bese inkantolo kaNKULUNKULU ilawula ukususa ukubusa kukasathane, ukukuqeda kanye nokukubhubhisa ingunaphakade. “Umbuso nokubusa, nobukhulu bemibuso phansi kwalolonke izulu, kuyakunikwa isizwe sabangcwele boPHEZUKONKE, umbuso wakhe ungumbuso ongunaphakade, futhi yonke imibuso iyakumkhonza imlalele UNKULUNKULU” (UDaniyeli 7:27).

Kubonakala kukuhle kakhulu ukuba kungakholeka, kodwa noma yini uNKULUNKULU ayishoyo izakufezeka!<sup>8</sup> Ngiyazi ukuthi abangcwele bakaNKULUNKULU bakhathele kakhulu ukuphila ngaphansi kombusi ongalungile wombuso kasathane omelene noKristu. Ngiyakhuleka ukuba abangalungile bazoshesha ukunikela izimpilo zabo eNKOSINI ukuzisiza bona uqobo. Kunzima ukubuka izinkumbi zabantu, wazi ukuthi masinyane bazokuba seChibini Lomlilo (NgokukaMathewu 7:13-14, NgokukaLuka 13:23-30, IsAmbulo 20:14-15). Kodwa cabanga ngezinkulungwane zabantu ababahlukumezile kwaze kwaba sekufeni futhi babafaka ejele ngamacala angekho. Bathathe abantwana babo, bathatha amabandla abo kanye nemizi yabo, futhi bahlakaza nemindeni yabo. Bathathe imali yabo kanye nekhono labo lokukhonza uNKULUNKULU ngokuthi baqambe amanga abo, ubufakazi babo obonakele, bamanga, kanye nokunyundela kwabo. Siyakubonga WENA BABA NKULUNKULU, NKOSI UJESU, ngokusinika umbuso, ukubusa, kanye nobukhulu bombuso ngaphansi kwezulu lonke, Thina esingabantu abangcwele boPHEZUKONKE, siyakubonga WENA ngokuwenza ube ngumbuso ongunaphakade, lapho imibuso yonke iyakukhonza futhi ilalele UNKULUNKULU OPHILAYO, UNKULUNKULU WENSINDISO, UNKULUNKULU KA-ABRAHAMA, ISAKA, NOJAKOBE, UMDALI WEZULU NOMHLABA KANYE NAKHO KONKE OKUKUWO!

Abantu abangavelele, abasezingeni elijwayelekile lempilo, abavotela labo okufanele ngabe bangabaholi bomhlaba bebvotela emandleni wombuso wase-mhlabeni, (kwi-secular power), kumele bakhumbule ukuthi uNKULUNKULU akazange neze abeke abahedeni (abangenaNKULUNKULU), ukuba babuse (UDuteronomi 17:14-20). KuDuteronomi 17:14-15, UNKULUNKULU uthi, “Nxa ufikile ezweni uJEHOVA uNKULUNKULU wakho akunika lona, ulidle, uhlale kulo, uthi: ‘Ngiyakubeka inkosi phezu kwami njengazozonke izizwe ezingizungezayo,’ uyakumbeka nokumbeka abe yinkosi phezu kwakho yena uJEHOVA uNKULUNKULU wakho ayakumkhet-ha; [kumele kube] omunye wabafowenu [okholwa kuNKULUNKULU ngeqiniso kanye neZWI LAKHE, INDODANA YAKHE ezelwe yodwa] niyakumbeka ukuba abe yinkosi phezu kwenu: ningabeki phezu kwenu owezizwe [ongakholwa, oyiSulumane, noma okholwa komunye unkulunkulu, okungesiye unkulunkulu] ongesiye umfowenu.” Uma bewa emva kokubekwa NGUYE, YENA uyawasusa lawomandla, njengoba YENA enza eNkosini uSawuli kanye nabanye.<sup>9</sup>

Yayimine imibuso yomhlaba, yonke kuNgabezizwe. Owokuqala kwakuyiBabele, ufanekiswe ngekhandla legolide (UDaniyeli 2:31-38); owesibili kuyisiliva, elalimele i-Medio-Persia (UDaniyeli 2:32, 39); owesithathu kwakuyithusi, elalimele izwe lamaGriki (UDaniyeli 2:32, 39); kanti owesine kwaku, futhi kuse yiwo, umbuso womhlaba owodwa wamaRoma (UDaniyeli 2:40-43, 7:7, 19, 23), isilo, esesizobhujiswa (UDaniyeli 2:35, 44-45, IsAmbulo 16:10, 19, 18:2-24). Lombuso wesine yinsimbi, enezinyawo onxenywe yazo yinsimbi kanti enye inxenywe ubumba, njengoba wabonakala ephusheni likaNebukadinesari mayelana nesikhathi sokugcina (UDaniyeli 2:31-44).

Inkosi yalikhohlwa iphupho, futhi yakhathazeka, ngakho inkosi yathi izobulala bonke abahlakaniphileyo baseBabele, okuhlanganisa nabane abancane bakwa Israyeli, okunguDaniyeli kanye nabantwana abathathu bamaHeberu, uma bengamtsheli ukuthi uphupheni. Makabongwe uNKULUNKULU, emva kokuba bethandazile, UNKULUNKULU wanika uDaniyeli isambulo esiphelele sephupho kanye nencazelo, ngakho-ke bonke basindiswa (UDaniyeli 2:18-19).

“UDaniyeli wathatha wathi: “Malibongwe igama likaNKULUNKULU kusukela kwaphakade kuze kube phakade, ngokuba ukuhlakanipha namandla kungoKWAKHE; YENA [hayi uhulumeni wezwe kamphikuKristu] uyaguqula izikhathi nezinkathi; Uyasusa amakhosi, abeke amakhosi; Unika abahlakaniphileyo ukuhlakanipha, nokwazi kwabaqonda ukwazi; Uyambula okujulileyo nokufihlakeleyo; Uyazi okusebumnyameni, nokukhanya kuhlezi KUYE. Ngiyakubonga, Ngikudumise WENA NKULUNKULU wawobaba ongiphile mina [Daniyeli] ukuhlakanipha naman-dla, wangazisa esasikucela KUWE: ngokuba Usazisile indaba yenkosi” (UDaniyeli 2:20-23). UNKULUNKULU wasindisa izimpilo zabo kanye nezimpilo zabanye “abahlakaniphileyo.”

UDaniyeli watshela inkosi, Kepha kukhona uNKULUNKULU ezulwini owambula izimfihlakalo; wazisile inkosi uNebukadinesari okuyakuba khona ngezinsuku ezizayo. (UDaniyeli 2:28). UDaniyeli waya ukuyotshela inkosi ukuthi iphupheni kanye nencazelo yephupho (UDaniyeli 2:29-45).

UDaniyeli watshela inkosi ukuthi yena (Daniyeli) akungokuhlakanipha anakho kunabanye abakhona, kodwa ukwazi ukutshela inkosi ekuphuphile kanye nencazelo ngoba uNKULUNKULU oseZulwini, uJEHOVA, ukwembulile kuyena (UDaniyeli 2:27-28). “Wena, nkosi, wabona, bheka, isithombe esikhulu. Lesisithombe esasisikhulu nesikucwebezela kwaso kwakukuhle, sema phambi kwakho, nesimo saso sasesabeka. Lesisithombe-ke, ikhanda laso liyigolide elihle, isifuba saso nezingalo zaso kuyisiliva, isisu saso namathanga aso kuyithusi, imilenze yaso iyinsimbi, izinyawo zaso inxenywe yinsimbi, inxenywe yibumba. [Ngakho futhi, igolide kwakuyiBabele, isiliva, iMedio-Persia; ithusi, izwe lamaGriki; kanti nensimbi nobumba kwakuyiRoma futhi kuseyiyo.]

“Wawusubona ukuthi kwaqheshulwa itshe kungengazandla [Lelitshe yiNKOSI, itshe eliyinhloko yegumbi lesakhiwo sikaNKULUNKULU, kanti thina singamatshe aphilayo, akhelwe kuKRISTU, oyitshe eliyinhloko yegumbi, singamatshe okwakhiwe ngawo umzimba kaKRISTU, ithempeli likaNKULUNKULU,<sup>10</sup> ibandla lamaKristu elabazelwe kabusha ngeqiniso, eliyisisekelo, futhi elinokukholwa okuyikho.” Lelitshe (uKRISTU) “lashaya isithombe [semibuso emine yomhlaba] ezinyaweni zaso eziyinsimbi nebumba, lazichoboza futhi zaba izicucu. Kwase kuchotshozwa kanyekanye insim-

(Kuyaqhubeka ekhasini 4)

# Izincwadi Eziya Kumfundisi U-Alamo

## Endiya

Mfowethu wokomoya othandekayo kuKristu, Tony Alamo,

Ngiyakubingelela. Ngiyajabula ukukwazisa ukuthi sengizitholile izincwadi owangithumelela zona. Ngazisabalalisa ngosuku olulodwa ngosizo lwamalunga ebandla lethu. Lezizincwadi zibalulekile kakhulu futhi ziletha insindiso emiphefumulweni eminingi ebhubhayo. Imibhalo yakho ifana nenkamba ekhaliphe nhlangothi zombili, ingena ekujuleni kwezinhliziyi zabantu abaphila ebumnyameni bukamoya. Iyaqondakala kulabo abangakaguqukeli kuJesu Kristu. Kuyisibusiso seNkosi ukukwazi ukubhala ngalendlela. Sengathi iNkosi ingakupha umqhele Ewuthembisa ku II Timothy 4:8. Ngiyambonga uNkulunkulu owangihlanganisa nenkonzo yakho.

Ngishumayela izwi leNkosi emizaneni yasemaphandleni emaphakathi nezwe futhi eyingozi kakhulu, ezindaweni ezinezihlahla ezisemagqumeni. Abantu bezizwana ezehlukene ababizwa ngama, Koyas, Kondareddy, kanye nama-Adivasi bahlala kulemizana. Abantu abaningi bangicela izincwadi, ngakho ngicela ungithumelele amakhophi awu 10,000, incwadi, *uMesiya*, kanye namakhasethi ezintshumayelo zakho. Sidinga uxhaso lwenu ngomkhuleko kanye nobudlelwano. Siyaqhubeka nokunikhulekela, nina kanye nenkonzo. Umfowenu ekukhonzeni iNkosi, UMfundisi Kannabathula Joseph E-Buttaigudem, Kwisifundazwe sase West Godavari, E-Andhra Pradesh, Endiya



UMfu. M. Jayaraj ENdiya, ethola imibhalo, izincwadi zikaMesiya, kanye namaBhayibheli avela kwi-Tony Alamo Christian Ministries

## E-Zambia

Mnumzane othandekayo,

Imikhonzo evela eZambia. Ngiyajabula ukuthola lelithuba lokukubhalela. Ngiyajabula ngomsebenzi owenzayo ngokufundisa emsakazweni. Lapha silalela umsakazo kwi Radio East Africa.

Ngakho-ke kungumsebenzi wami ukukwazisa ukuthi umlayezo owushumayelayo awusilo ize, kodwa abantu abaningi bayalulalela loluhlelo.

Ngiyakukhuthaza ukuba uqhubeke kulokhu ngoMoya ofanayo nowokukhulula abantu ba-kaNkulunkulu. Ngiyafisa ukuzwa kuwe masinyane. Owakho,  
UWillie Chingwenembe  
E-Livingstone, Zambia, Afrika

## E-Uganda

Mvangeli Tony Alamo,

Okokuqala, ngifisa ukukubonga, Methuli wohlelo othandekayo, ngethuba olinike abantu base-Uganda abaningi ukunqoba isono ngokuphelele ezimpilweni zabo. Ngingomunye walabo okukhulunywa ngabo kungaqedwa, ngenxa yokuthola impilo enenjabulo kuJesu. Uhlelo lwakho emsakazweni i-Radio East Africa lucebile kakhulu ezintweni zasezulwini ngakho sel-wenze nathi saceba. Ngempela iTony Alamo Ministries iyifezile injongo yayo futhi ngiyathandaza kuNkulunkulu ukuba uhlelo lwenu luqhubeke kuze kube phakade. Amen.  
UCharity Rutaremwa E-Kampala, Uganda, Afrika

## E-California

KuTony Alamo, umuntu engimhloniphayo.

UNkulunkulu ubeke inkonzo yakho empilweni yami ukuze ingisize ngifunde ukunika inkululeko kwabanye abesifazane lapha ejele, ngokuxoxa ngobufakazi bami nabanye ngoba uNkulunkulu akalidalanga ijele noma ukuboshwa. Ngiboshwe ngenxa yokujoveka noma ukungenwa izidakamizwa, ukuthanda imali kanye nesithixo sokufuna ukwamukeleka kontanga. UNkulunkulu wangibonisa ukuthi umuntu oyedwa engimdingayo uJesu Kristu ophezulu, kanti ngothando Lwakhe nobubele, ngin-ganikela ngalokhu nami engikuphiwe.



**INKONZO KA-ALAMO EKU-INTANETHI**  
**www.alamoministries.com**

Amazwi akakwazi ukuchaza indlela engizizwa ngijabule ngayo. Ngiyabonga ngokungisiza ukuba ngibone ingcebo enginayo. UJesu uyiniNkosi!!! Ngiyakukhulekela kanye namabandla akho. UNkulunkulu akubusise.  
U-Angelina Saavedra E-Corona, CA

## E-Nigeria

Mfundisi Alamo othandekayo,

Amabandla akho selokhu enza kahle ngokuncomekayo. Ngizifundile izincwadi zakho eziningi futhi zenze ushintsho olukhulu empilweni yami. Lokhu sekungenze ngakhethe ukuzalwa kabusha. Manje ngidinga iBhayibheli ukuze ngiqhubeke ngibe nesisekelo, ngiziqinise futhi ngizindle ngalo njalo.  
U-A.O.  
E-Ikorodu, Lagos State, Nigeria, Afrika

# ABANGWELE

(Kuyaqhubeka kusukela ekhasini 2)

bi, nebumba, nethusi, nesiliva, negolide, kwaba njengamakhoba ezibuya zasehlobo; futhi umoya [uMOYA, umphefumulo kaNKULUNKULU] wazisusa, akutholwanga ndawo: itshe elalisishaya isithombe laba yintaba enkulu [okumele isizwe esikhulu somhlaba wonke], lawugcwalisa umhlaba wonke” (UDaniyeli 2:31-35).

IRoma seyihlale isikhathi esingaphezu kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, okuyisikhathi eside kakhulu uma uqhathanisa nalembuso eminye emithathu, kodwa manje isifike emphelandaba. Thina bangcwele khona manje (masinyane nje) sizobusa siphathe kuze kubephakade, naphakade ngaphansi kukaNKULUNKULU UMNINIMAMANDLA ONKE!!!<sup>11</sup> Qhubeka nokuphila noKRISTU emazulwini!!<sup>12</sup> Sinokunqoba!!<sup>13</sup> SinoJESU!! SinoMbuso ingunaphakade!

Uma ungakabi noJESU njengoMsindisi wakho uqobo, yisho lomthandazo kuBABA uNKULUNKULU wakho oseZulwini kanti futhi uyobusa kanye nathi!

**NKOSI yami, NKULUNKULU wami, yiba nesihe phezu kumphefumulo wami, umoni.<sup>14</sup> Ngiyakholwa ukuthi UJESU KRISTU uyiNDODANA kaNKULUNKULU ophilayo.<sup>15</sup> Ngiyakholwa ukuthi Wafa esiphambanweni futhi**

wachitha igazi LAKHE eliyigugu ukuze ngithethelele zonke izono zami engizenze ngaphambilini.<sup>16</sup> Ngiyakholwa ukuthi UNKULUNKULU wavusa UJESU kwabafuleyo ngamandla KAMOYA OYINGCWELE,<sup>17</sup> nokuthi Uhlezi ngakwesokunene sikaNKULUNKULU ngalomzuzu elalele ukuvuma kwami izono zami kanye nalomthandazo.<sup>18</sup> Ngivula umnyango wenhliziyoyami futhi ngiyakumema ukuthi ungene enhliziyweni yami, NKOSI JESU.<sup>19</sup> Ngihlanze kuzo zonke izono zami ezingcolile egazini eliyigugu, othe walichitha esikhundleni sami, esiphambanweni eKhalivari.<sup>20</sup> Angeke ungichithe ungilahlele ngaphandle NKOSI JESU. Uzongithethelela izono zami futhi usindise umphefumulo wami. Ngiyazi ngoba IZWI LAKHO, iBhayibheli, lisho njalo.<sup>21</sup> IZWI LAKHO lithi akekho namunye umuntu oyomdiki la umlahlele ngaphandle futhi lokhu kubandakanya nami.<sup>22</sup> Ngakho-ke ngiyazi ukuthi ungizwile, futhi ngiyazi ukuthi unghendulile, futhi ngiyazi ukuthi ngisindisiwe.<sup>23</sup> Futhi Ngiyabonga, NKOSI JESU ukuthi usindise umphefumulo wami, kanti futhi ngizokhombisa ukubonga kwami ngokwenza njengoba ungiyala futhi ngingabe ngisona.<sup>24</sup>

Ngemuva kwensindiso, uJESU wathi kubalulekile ukubhathizwa, ngokuphelele emanzini, egameni likaYise, neleNdodana, nelikaMoya OYINGCWELE.<sup>25</sup> Ngenkuthalo fundisisa iBhayibheli, wenze lokho elikushoyo.<sup>26</sup> USimakade ufuna ut-

shele abanye ngensindiso yakho. Ungaba wumuntu ohambisa ivangeli lezincwadi zikaMfundisi uTony Alamo. Sizokuthumelela izincwadi mahhala. Shaya ucingo noma uthumele i-imeyli ukuze uthole ulwazi oluthe xaxa. Yabelana ngalomyalezo nomunye umuntu.

Uma ufuna umhlaba usindiswe, njen-goba eyala UJESU, ungamphangi uNKULUNKULU okweshumi kwakhe nemi-nikelo. UNKULUNKULU wathi, “Ingabe umuntu angaphanga uNKULUNKULU na?” Nokho niyangiphanga. Kepha nina nithi, “Sikuphange kanjani na?” Ngokweshumi nangeminikelo. Niqalekisiwe ngesiqalekiso: ngokuba niyangiphanga, sizwe sonke [nalelizwe lonke]. Ngenisani konke okweshumi [‘okweshumi’— u10% weholo lakho liphelele] enqolobaneni, ukuze kube khona inyama [nokudla okungokomoya] endlini YAMI. [Imphefumulo iyasindiswa] Futhi ningivivinye ngalokhu, usho uJehova-Sebawoti, uma mina angeke ngikuvulele amafasitela ezulu, futhi ngithululele izibusiso kuwe, ngendlela yokuthi angeke ubenendawo eyaneleyo ukuzemukela endlini yakho. Mina ngiyokhuza umushwabadi ochithayo ngenxa yakho, futhi ngeke achithe izithelo zomhlabathi wakho; nomvini wakho ngeke waphonsa izithelo zawo ngaphambi kwesikhathi endle, usho uJEHOVA-Sebawoti. Futhi zonke izizwe ziyokuthi nibusisiwe ngokuba niyakuba yizwe elijabulisayo, usho uJEHOVA SEBAWOTI” (Malaki 3:8-12).

11 Dan. 2:35, 44-45, 7:18, 22, 27, IsAmb. 5:9-10, 11:15-18, 20:4-6, 22:3-5 12 Ef. 2:4-7 13 1 Kor. 15:54-58, 1 Joh. 5:4 14 AmaH. 5:1, Rom. 3:10-12, 23 15 Math. 26:63-64, 27:54, Luk. 1:30-33, Joh. 9:35-37, Rom. 1:3-4 16 IzE. 4:12, 20:28, Rom. 3:25, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 5:9 17 AmaH. 16:9-10, Math. 28:5-7, Mark. 16:9, 12, 14, Joh. 2:19, 21, 10:17-18, 11:25, IzE. 2:24, 3:15, Rom. 8:11, 1 Kor. 15:3-7 18 Luk. 22:69, IzE. 2:25-36, Heb. 10:12-13 19 1 Kor. 3:16, IsAmb. 3:20 20 Ef. 2:13-22, Heb. 9:22, 13:12, 20-21, 1 Joh. 1:7, IsAmb. 1:5, 7:14 21 Math. 26:28, IzE. 2:21, 4:12, Ef. 1:7, Kol. 1:14 22 Math. 21:22, Joh. 6:35, 37-40, Rom. 10:13 23 Heb. 11:6 24 Joh. 5:14, 8:11, Rom. 6:4, 1 Kor. 15:10, IsAmb. 7:14, 22:14 25 Math. 28:18-20, Joh. 3:5, IzE. 2:38, 19:3-5 26 Dut. 4:29, 13:4, 26:16, Josh. 1:8, 22:5, 2 Thim. 2:15, 3:14-17, Jak. 1:22-25, IsAmb. 3:18

*Sicela uxhumane nathi ukuze uthole ulwazi olubanzi, noma izincwadi mayelana nezinye izihloko ongazithakasela.*

**Tony Alamo, World Pastor (Umfundisi Wezizwe zonke), Tony Alamo Christian Ministries Worldwide P.O. Box 2948, Hollywood, CA 90078**

**Inombolo yethu yocingo esebenza amahora angamashumi amabili nane ngosuku, uma udinga ulwazi noma imithandazo:  
+1 (661) 252-5686 • Fax +1 (661) 252-4362 • [www.alamoministries.com](http://www.alamoministries.com) • [info@alamoministries.com](mailto:info@alamoministries.com)**

*Izinkonzo ZamaKristu zikaTony Alamo Emhlabeni jikelele, zinikeza indawo yokuhlala nakho konke okuyizidingo zempilo kubo bonke abantu, ezindaweni zethu eU.S.; abantu abafuna ngempela ukukhonzwa uSimakade ngayo yonke inhliziyoyabo, umphefumulo, ingqondo namandla.*

**Izinkonzo zibanjelwa eNew York City njalo ngoLwesibili, ngo 8 P.M. nakwezinye izindawo ebusuku. Sicela ushayele ucingo kulenombolo: +1 (908) 937-5723, ukuthola ulwazi. UKUDLA KUYANIKEZWA NGEMUVA KWENKONZO.**

Cela Incwadi kaMfundisi Alamo, UMesiya, ebonisa isambulo ngoKristu, esitholakala eTestamenteni Elidala, eziprofethweni ezingaphezu kuka-333 Iba isisebenzi ekuvuneni imiphefumulo ngokuba ubengumsabalalisi wezincwadi zikaMfundisi Alamo.

*Zonke izincwadi zethu kanye nemilayezo elalelwayo kutholakala mahhala, nemali yokuposa, ikhokhwa yithi. Uma kukhona ozama ukukukhokhisa imali ngazo ngokungemthetho, shayela lenombolo yocingo +1 (661) 252-5686 (ucingo lukhokhelwa yithi, uma usifonela)*

**LEZI ZINCWADI ZITHWELE UHLELO LWEQINISO LWENSINDISO (Izenzo 4:12).**

**MUSA UKUYILAHLA, DLULISELA KOMUNYE UMUNTU.**

**Kunina enikwamanye amazwe, sinikhuthaza ukuba nihumushe lezincwadi ngolimi lwenu lwendabuko.**

**Uma niphinda niyishicilela, sicela nifake le-copyright kanye ne-registration:**

© Ishicilelwe ngoMeyi 2010, 2015 Onke amalungelo agodlwe ngu-World Pastor Tony Alamo © Yabhaliswa ngoMeyi 2010, 2015

ZULU—VOLUME 09900—SAINTS